



Nangila Se Dapperheid

Isibindi Sikanolwazi

 Violet Otieno

 Vusi Malindi

 Fanie Viljoen

 Afrikaans / Zulu

 Level 4

(imageless edition)





Lank gelede was daar 'n man met 'n baie ernstige wond aan sy been. Hy kon nie staan of loop nie.

• • •

Kudala, esigodini saseNtabanhle, kwakunendoda eyanesilonda esibi emlenzeni. Lesi silonda sasinenkani ukuphola. Le ndoda yayingasakwazi ukuma nanokuhamba ngenxa yalesi silonda. Yayihlala nomndeni wayo, unkosikazi nabantwana.



Die paartjie het drie seuns en een dogter gehad.

...

Babenamadodana amathathu nendodakazi eyodwa. Igama lendodakazi kwakunguNolwazi. Kwabe kungumsebenzi wakhe ukunakekela ubaba wakhe. Amadodana ayesebenza emasimini futhi elusa imfuyo.



Nangila was 'n mooi meisie. Al die mense in die dorpie het van haar gehou en haar gerespekteer.

• • •

UNolwazi wayeyintombazane enhle. Wonke umphakathi wawumkhonzile futhi umhlonipha. Abazali bakaNolwazi babemfisela umyeni oqotho nonakekelayo. Loyo owayezoba ngumyeni kaNolwazi wayezobhekana nesu elinzima.



As iemand met Nangila wou trou, moes hy 'n krui uit die meer naby die dorpie gaan haal.

• • •


Leyo ndoda eyayizomthatha abe unkosikazi wayo, kwakumele ihambe iyokhipha ikhambi echibini elaliseduze khona esigodini. Kwakunenkololo ukuthi leli khambi lalizokwelapha isilonda sikayise kaNolwazi. Inkinga ngechibi, kuthiwa lalinemimoya emibi futhi eyingozi.



'n Paar mans het probeer, maar hulle het sonder die krui teruggekeer.

...

Amanyane amadoda ayeseke azama ukuyothatha leli khambi ayebuya engaliphethe. Amanyane ayengabuyi kwakhona echibini lapho.



Nangila was bekommerd. Nie eens haar broers wou na die meer toe gaan nie. Daarom het sy besluit om self die krui te gaan haal.

• • •

UNolwazi yayimkhathaza le ndaba. Abafowabo babengalokothi baye kuleli chibi. Wagcina enqume ukuthi yena Nolwazi, uzoya kuleli chibi ayothatha leli khambi. Ngelinye ilanga umama wakhe wathi kuye, “Mntanami, amadoda anamandla ehlulekile, wena bewungubani ukuyolanda leli khambi?” UNolwazi wayesezitshelile ukuthi yena uzohamba.



Op pad na die meer het Nangila 'n ou vrou met 'n bondel hout ontmoet. Sy het die vrou gehelp om die vuurmaakhout te dra.

• • •

Endleleni eya echibini, wahlangana nesalukazi sithwele umyaba wezinkuni. UNolwazi wasisiza wasithwalisa. Sabonga isalukazi, sathi kuye, "Lalela kahle. Ngizokutshela ukuthi uzofinyelela kanjani ekhambini, nanokuthi kumele wenzeni lapho ufika echibini."



Toe Nangila by die meer kom, het sy die geestefamilie gesien. Hulle het gedrink en gedans.

...


Uma efika eduze nechibi, uNolwazi, wawubona lomndeni wemimoya evunguzayo idansa iphuza echibini. Wema wayibukela. Emva kwesikhashana ngayinye yashona phansi yalala.



Toe die geeste almal geslaap het, het Nangila in die meer in geduik.

...


Kuthe seyilele yonke, UNolwazi waziphonsa echibini, walithola ikhambi. Ngesikhathi esephuma emanzini, amanzi ayesemangingi ngakuye lapho eyozophumela ngakhona.



Die geeste was alreeds wakker toe Nangila uit die water klim. Sy was bang, maar sy het die liedjie gesing wat die ou vrou haar geleer het:

• • •

Kwathi lapho ephumela ngaphandle, nansi imimoya seyivukile. Wafikelwa ukwesaba, wabe esekhumbula ukuthi isalukazi sasithe akabocula iculo ayemfundise lona, ayilolozele le mimoya. Iculo lalithi: “Mina ndodakazi yaseNtabenhle, ngivela lapha echibini nami. Ngize lapha ukuzocela ikhambi lenu babusi bami. Ubaba wami uyalidinga ukwelapha isilonda sakhe esingapholi. Ngisizeni babusi bami.”



Nangila se stem was so soet dat die geeste vir haar gevra het om weer en weer vir hulle te sing.

• • •

Izwi likaNolwazi lalimnandi ngokumangazayo, imimoya yacela ukuba aphinde acule futhi. Nangempela waphinda. Ukucula kwakhe kwayilozela imimoya, thu thu! Yalala. Ngokushesha uNolwazi wahlaba ngejubane ebheke ekhaya.



Almal het gewag dat Nangila terugkeer.

...

Wafika ekhaya, elindelwe. Bonke babemangele. Wangena endlini, wasebenzisa ikhambi, ubaba wakhe welapheka, wavuka wema ngezinyawo. Umphakathi wonkana wawujabule uncoma isibindi sikaNolwazi.



Storybooks South Africa

global-asp.github.io/storybooks-southafrica

Nangila Se Dapperheid

Isibindi Sikanolwazi

Written by: Violet Otieno

Illustrated by: Vusi Malindi

Translated by: Fanie Viljoen (af), Zanele Zuma (zu)

This story originates from the African Storybook (africanstorybook.org) and is brought to you by [Storybooks South Africa](https://global-asp.github.io/storybooks-southafrica) in an effort to provide children's stories in South Africa's many languages.



This work is licensed under a Creative Commons
[Attribution 4.0 International License](https://creativecommons.org/licenses/by/4.0/).